# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *55/2013 Intshumayelo ngesonto 26 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 17. 11. 2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 286/219

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Baba, siyabonga ngosuku lwanamuhla ithuba osinika lona ukuba sihlangane egameni lakho, sizwe izwi lakho. Siyacela ukuba usiqondise ngoMoya wakho oNgcwele ukuba izwi lakho lisiphendule, lisilungiselele ukubuya kweNdodana yakho uJesu Kristu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 8:18-25;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Mathewu 25:31-46.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 288/221

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuJeremiya 8:4-7, lithi: "Futhi uyakusho kubo, uthi: Usho kanje uJehova, uthi: Abantu bayakuwa, bangabuyi basukume, na? Umuntu uyaphambuka, angabuyi aphenduke, na? Bahlehlelani lababantu baseJerusalema ngokuhlehla njalonjalo na? Babambelela enkohlisweni, bala ukubuya. Ngaqaphela, ngezwa; abakhulumanga kahle; akakho ozisola ngobubi bakhe, ethi: Ngenzeni na? Bonke baphendukela emisebenzini yabo njengamahashi aphulukundlela empini. Nongolantethe emkhathini uyazazi izikhathi sokufika kwabo, kepha abantu bami abazazi izahlulelo zikaJehova." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, sesifikile futhi ekugcineni konyaka wekerike. Okusho ukuthi amehlo ethu aseyaqondiswa ekugcineni kwezinto zonke, aqondiswa ekubuyeni kukaJesu Kristu, njengalokho sizwile evangelini lanamuhla.

Izwi lentshumayelo yanamuhla lithathwé encwadini yomprofethi uJeremiya. UJeremiya wabizwa yiNkosi ukuba abe ngumprofethi eseyinsizwa. Wayegathandi ukuba ngumprofethi,

wathi: "Awu, Nkosi Jehova! Bheka, angikwazi ukukhuluma, ngokuba ngingumntwana," Jer. 1:6. Kodwa uNkulunkulu wamqinisa ngezwi lenduduzo wathi: "Bheka, ngibekile amazwi ami emlonyeni wakho. Bona ngiyakubeka namuhla phezu kwezizwe naphezu kwemibuso ukusiphula nokudiliza, ukuchitha nokubhubhisa, ukwakha nokutshala," Jer. 1:9-10. Vele uJeremiya wayenomsebenzi onzima. Wayemelwe ukufakaza esizweni sakwaJuda ukuthi uNkulunkulu udiniwe ngesizwe sakhe, nokuthi uzakusijezisa. Kodwa isizwe sangezwa, sengathi sekukuJeremiya ukusiphula nokudiliza nokuchitha nokubhubhisa nje kuphela. Yebo, bazalwane, nasezwini lanamuhla akukhulunywa ngokwakha nokutshala. Nakulo uJeremiya uyakhuluma ngesono sesizwe. Kodwa sengathi kukhona nje omunye umoya kulelizwi kunomoya wokuthukuthela nokujezisa. Sengathi kukhona umoya wokudabuka nokungaqondi kuNkulunkulu. Ngalokho sithi namuhla: UNkulunkulu uhluphekile ngabantu bakhe, ngokuba isono sababusa

1.1 abaphenduki ezonweni zabo;

1.2 abazisoli ngezono zabo;

1.3 abazi, abagcini izahlulelo zikaJehova.

2. Ngalokho uNkulunkulu wenza amanye amasu okubahlulela.

1.1 Yebo bazalwane, sithé kukhona umoya wokungaqondi kulelizwi. Sengathi uNkulunkulu akasaqondi isizwe sakhe. Lokho kuyezwakala impela endimeni yokuqala lapho ethi: "Abantu bayakuwa, bangabuyi basukume, na? Umuntu uyaphambuka, angabuyi aphenduke, na?" Okujwayelekile empilweni yethu kusifundisa ukuthi umuntu uma ewa uzoshesha asukume futhi, uma eduka endleleni uzoshesha aphenduke ukuba abuyele endleleni ezomfinyelelesa emgomeni. Yilokho okujwayelekile. Manje uNkulunkulu uthi: Okujwayelekile kubantu bonke akusenzeki esizweni sakhe sakwaJuda, uthi: "Bahlehlelani lababantu baseJerusalema ngokuhlehla njalonjalo na? Babambelela enkohlisweni, bala ukubuya." Sengathi abakwaJuda bathanda ukuhlala esonweni, sengathi bathanda ukuduka ekukholweni. Noma bewa abathandi ukuphind' ukusukuma, noma beduka abathandi ukuthola futhi indlela yeqiniso.

Manje bazalwene, okumangalisayo kulelizwi kungukuthi uNkulunkulu akathukutheli akasho ngolaka, kodwa ukhuluma njengomuntu ohluphekile odabukile ngesizwe sakhe. Ngalokho sesimelwe ukubuza ukuthi lelizwi lentshumayelo lisithinta kanjani thina esiphila namhlanje?

Kanti uNkulunkulu ukhuluma izwi elineqiniso nje esizweni sakwaJuda na? Ngabe nakithi lineqiniso na?

Sithé ekuqaleni isikhathi somnyaka wekerike esikuso siqondisa amehlo ethu ekubuyeni kukaJesu nasosukwini lokugcina. Ngakho-ke kuhle uma sizibuza manje ukuthi kunjani ngesono sethu. Kanti thina uma siwile, sisodakeni lwesono, sithanda ukusukuma futhi na? Noma sithi njengezingulube: Kumnandi khona lapha odakeni? Kanti thina uma sibona ukuthi sidukile endleleni kaNkulunkulu siqonde ekufeni, sithi: Hhayi, asifuni ukuphenduka nokubuyela endleleni kaNkulunkulu, ngoba kumnandi endleleni yesono. Sengathi lomoya wokungaphenduki uyaziwa naphakathi kwethu. Sengathi lenkani esiyibona esizweni sakwaJuda, yaziwa naphakathi kwethu. Ngalokho kuhle uma sezwa ukuthi uNkulunkulu uhluphekile ngesono sethu, udabukile ngaso. Ngoba lonke uthando lwakhe aluphendulwa ngabantu. Yilokho okusicabangisa manje.

1.2 UNkulunkulu uhluphekile ngesono sesizwe sakhe, nangoba asizisoli ngaso. Uthi: "Ngaqaphela, ngezwa; abakhulumanga kahle; akakho ozisola ngobubi bakhe, ethi: Ngenzeni na? Bonke baphendukela emisebenzini yabo njengamahashi aphulukundlela empini." Sekuyasetshenziswa umfanekiso omuhle. Umuntu ongenile esonweni engasheshi ukuphenduka masinyane uyafana nehhashi eliphulukundlela. Okusho ukuthi uyafana nehhashi elingasaqondiseki, noma kanjani. Bazalwane, kuhle uma sifunda lokho ngesono namuhla ukuthi sinamandla okumqhubela phambili umuntu angasaqondiseki, kodwa aqhubeke njalo endleleni yaso.

Yebo, namanje sesiyabuza sithi: ngabe lelizwi lomprofethi liyasithinta nanamuhla na? Ezinsukwini zanamuhla sengathi kukhona naphakathi kwethu umoya wokungazisoli. Kukhona izono ezenziwa phakathi kwethu sengathi akudingeki ukuzisola ngazo, ngoba bonke bayazenza. Nanamuhla singathi: "Akakho ozisola ngobubi bakhe, ethi: Ngenzeni na?"

Masiqonde, bazalwane, ukuthi uNkulunkulu kuyamdabukisa kuyamhlupha, uma sinje. Yena akathandi ukuthi sinjengamahhashi aphulukundlela empini. Yena usathanda ukusiqondisa nokusihola ngezwi lakhe. Kodwa lapho kuqala khona ukubusa isono, akusaqondiseki, akusaholeki. Ngalokho lelizwi lanamuhla liyasikhuza ukuba sime, sicabange. Uma ngabe nathi sifana nesizwe sakwaJuda esingazisoliyo, kumbe namuhla kulithuba nje lokugcina ukuba siqondiswe ngezwi likaNkulunkulu esilizwayo.

1.3 Kodwa nakhona uJeremiya uyakhala ngesizwe sikaNkulunkulu ukuthi asilaleli izwi lakhe asilamukeli, uthi: "Abantu bami abazazi izahlulelo zikaJehova." Sekuyakhulunywa ngomunye umfanekiso. UJeremiya uyakhuluma ngezinyoni ezihlukeneyo ukuthi kuyisimangaliso esikhulu ukuthi zazi izikhathi zazo ngaphandle kokuba zitshelwe. Impela izazi nabahlakaniphile bonke abafunda ngezinyoni basamangala nanamuhla ukuthi izinyoni ezifika khona lapha eAfrika ngesikhathi sehlobo zazi kanjani ukuthi sekuyisikhathi sokusuka ziye phesheya ukuba zizalele khona. Futhi-ke, kuyamangalisa ukuthi kulendlela ende kakhulu aziduki nakanye endleleni. Kanjani? - Kanti abantu abafani nazo. Thina-bantu asiqondi isikhathi sethu, asikwazi futhi ukugcina indlela esimelwe ukuhamba ngayo. Ngalokho uthi uJeremiya: "Abantu bami abazazi izahlulelo zikaJehova."

Yebo, kunjalo ngesono. Lapho sibusa khona, abantu abasakwazi ukuphenduka nokuzisola nokwazi izahlulelo zikaNkulunkulu. Bandla, kubalulekile ukuba siqonde lokho namuhla. Isono singamandla esithanda ukusibusa nanamuhla. Kodwa thina simelwe ukulwa naso. Ngenhlanhla asifani nesizwe sakwaJuda kulokhukulwa. Ngani na?

2. Ngoba uNkulunkulu wenza amanye amasu okusahlulela. Isizwe sakwaJuda sasingaqondi impela izahlulelo zikaJehova. Kodwa njengalokho sizwile namuhla ukuthi uNkulunkulu wayedabukile ngesono sesizwe sakhe, ebona ukuthi asiphenduki asizisoli, wenza amanye amasu okusahlulela. Wabona ukuthi umuntu akazilungiseli lutho phambi kwakhe. Ngakho wasimisela indlela yokulungiselwa nguye ngayo iNdodana yakhe. Ekuqhubekeni kwesikhathi kwabonakala lokho okushiwo nguNkulunkulu ngomculi weHubo 103:9-10 ngokuthi: "Akathethi njalonjalo; akagcini intukuthelo yakhe kuze kube phakade. Akasiphathi njengokufanele izono zethu, akasivuzi njengokwamacala ethu." UNkulunkulu wenza amanye amasu okusahlulela. Wathumela iNdodana yakhe uJesu Kristu ezweni ukuba asahlulele ngothando nangomusa. Izahlulelo zikaNkulunkulu namanje aziqondakali, kodwa sesizazi. NgoJesu Kristu uNkulunkulu wasamukela isoni ngomusa. Izahlulelo zakhe zisaqala ngokusho ukuthi "Phenduka!" Math. 4:17. "Zisole!" Lk. 24:47. "Gcina izahlulelo!" Math. 19:17c. Kodwa sekushiwo kuso isoni ukuthi uthandiwe. Kushiwo kuye owileyo ukuthi kukhona ofuna ukukuthethelela, nokukusukumisa. Kushiwo kuye odukileyo endleleni ukuthi kukhona othanda ukukuphendula nokukusiza ukuba uthole yona lendlela yokuphila. Yiwo amanye amasu kaNkulunkulu okusahlulela thina bantu, thina esimazi uJesu Kristu sinenhlanhla enkulu, ngokuba sesiyazi ukuthi uNkulunkulu uthanda ukuba siphile, singalahleki.

Lo obona kanjalo uthando olukhulu lukaNkulunkulu olukhona ngoJesu Kristu angeke abe nenkani yokungaphenduki, uma ezibona ukuthi uwile. Lo obona uthando lukaNkulunkulu olukuJesu Kristu angeke angazisoli. Yebo, ombona uJesu esifela esiphambanweni, ejeziswa esikhundleni sethu, egwetshwa ngokufa angeke abambelele enkohlisweni njalo. Ngalokho, bazalwane, masimbheke namuhla uJesu. Nguye owasikhulula ekubusweni yisono. Sesikhululekile, masisebenzise usizo lwakhe olukhona esibikweni nasesakramenteni, siphenduke esonweni sethu, sizisole ngaso ukuze siphile kanye naye, sizwe izwi lakhe ekugcineni kwesikhathi elithi: "Zanini nina enibusisiwe nguBaba, nidle ifa lombuso eniwulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba," Math 25:34. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Yise weNkosi yethu uJesu Kristu, siyabonga umusa wakho ukuthi awusishiyanga njalo phansi kombuso wesono, kodwa wasikhulula ngeNdodana yakho ukuze sikuphilele khona lapha emhlabeni nale ezulwini. Qinisa ukukholwa kwethu, Nkosi, ukuba sibambelele kuwe njalo, silwe nesono esikhona ekuphileni kwethu, sisinqobe ngomusa wakho omkhulu. Amen. Umkhuleko weNkosi: ...

10. Iculo 280/186

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1995 nguP. C. Rehr; yathunywa futhi ngo-2001 nango-2007, nakulonyaka ka 2013;.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.